Isifundo 1

**September 29–October 5*

Ukudala kanye Nokuwa

ISABATHA EMINI

Funda Kuleliviki:
Gen. 1:26, 27; 1 John 4:7, 8, 16; Gen. 3:16–19; Gen. 11:1–9; Gal. 3:29; Deut. 7:6–11.

Indimana Yekhanda:
"[UNkulunkulu] Wamkhiphela [uAbrahama] ngaphandle, wathi: 'Bheka ngasezulwini, ubale izinkanyezi, uma ungazibala.' Wathi kuye: 'Kuyakuba njalo inzalo yakho.' Wakholwa nguJehova; wambalela lokho kwaba ngukulunga." (Genesis 15:5, 6, NKJV).

Indaba yabantu bakaNkulunkulu iqala ngokudalwa kwesintu kanye nenhlekele yokuwela kwabo esonweni. Noma yimuphi umzamo wokuqonda uhlobo lobunye ebandleni kumele kuqale ngecebo lokuqala likaNkulunkulu Ekudaleni futhi kanye nesidingo sokubuyiselwa ngemuva kokuwa. Izahluko zokuqala zeBhayibheli zembula ukuthi uNkulunkulu wayehlose ukuba isintu sibe ngumndeni owodwa. Ngeshwa, lobubunye baphela ngemuva kwenhlekele yesono. Esonweni kuphela kwaqubuka izimpande zokwehlukana nokungabi munye, okungumphumela omubi wokungalaleli. Sithola ukhasha lwalokhu kwehlukana enkulumeni ephakathi kukaAdamu noEva lapho uNkulunkulu eqala ukubhekana nabo ngemuva kokudla emthini okwakungamele badle kuwo (buka uGen. 3:11). Yingakho, phakathi kwakho konke umgomo osemqoka icebo losindiso elizokuwufeza, kungukubuyisela lobubunye basekuqaleni. UAbrahama, uyise wabantu bakaNkulunkulu, waba ngumdlali osemqoka ecebeni likaNkulunkulu losindiso. UAbrahama uvezwa Ezibhalweni njengesibonelo esikhulu "sokulunga ngokukholwa" (buka uRom. 4:1-5), uhlobo lokholo oluhlanganisa abantu bakaNkulunkulu komunye nomunye kanye naneNkosi Uqobo. UNkulunkulu usebenza ngabantu ukubuyisela ubunye kanye nokwenza intando Yakhe yaziwe kwisintu esilahlekileyo.

**Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha lika-October 6.*

Uthando Yisisekelo soBunye

Umbiko osobala ophuma endabeni yoKudala kuGenesisi 1 no 2 ngubunye obengamele obabukhona ekupheleni kweviki loKudala. Emazwini okugcina kaNkulunkulu okuthi konke "kwakukuhle kakhulu" (Gen. 1:31) awabhekisile nje kuphela ebuhleni obuphathekayo kodwa ekungabini khona kobubi nokungezwani ngenkathi uNkulunkulu eqeda ukwenza lomhlaba kanye nesintu esasizokuhlala kuwo. Inhloso kaNkulunkulu yasekuqaleni Ekudaleni yayifaka ukuhlalisana ngobunye kanye nobudlelwane obuncike komunye nomunye kukho konke okuphilayo. Kwakungumhlaba omuhle odalelwe umndeni wesintu. Konke kwakuphelele futhi kufanele Umdali wako. Inhloso ephakeme kanye neyokuqala kaNkulunkulu ngomhlaba kwakungeyobunye, ukuzwana, kanye nothando.

Funda uGenesis 1:26, 27. Lezizindimana zisifundisani ngobubodwa besintu uma siqhathaniswa nakho konke okunye okudaliwe njengalokhu kuvezwa kuGenesisi 1 no 2 na?

UGenesisi uthi uNkulunkulu wadala isintu ngomfanekiso Wakhe, into engashiwo ngakho konke okunye embikweni kaGenesisi. "UNkulunkulu wayesethi, 'Masenzeni umuntu ngomfanekiso Wethu, ngokuthanda Kwethu;'. . . Ngalokho uNkulunkulu wadala umuntu ngomfanekiso Wakhe; ngomfankeso kaNkulunkulu wamdala yena; owesilisa kanye nowesifazane wabadala" (Gen. 1:26, 27, NKJV). Nakuba abafundi ngesayensi yezibhalo bephikisene ngesimo sangempela salomfanekiso, kanye nesimo sikaNkulunkulu Uqobo, izahluko eziningi zeZibhalo zethula isimo sikaNkulunkulu njengothando.

Funda u-1 Johane 4:7, 8, 16. Lezizindimana zingasisiza kanjani ukuba siqonde indlela esasidalwe ngayo ekuqaleni kanye nendlela lokhu okungabe kwathinta ngayo ubunye basekuqaleni okutholakala Ekudaleni na?

UNkulunkulu uluthando, futhi ngenxa yokuthi isintu siyakwazi ukuthanda (futhi ngezindlela konke okunye okudaliwe okungakwazi ngayo), ukudalwa ngomfanekiso Wakhe kumele kufake nokukwazi ukuthanda. Kepha, uthando lungabakhona kuphela ebudlelwaneni nabanye. Ngalokho, noma yikuphi ke okunye okuhambisana nokudalwa ngomfanekiso kaNkulunkulu, kumele kufake nokukwazi ukuthanda, futhi ukuthanda ngokujulile.

Imiphumela Yokuwa

Imiphumela yokuwa yaba mikhulu. Ukungalaleli kukaAdamu kanye noEva kwaqala ukwehlukana kokuncika komunye nomunye ngokuzwana kwakho konke okuphilayo. Okubi kakhulu, kwaqala ukungabi munye, ukungezwani, kanye nokwehlukana phakathi kwesintu okusekhona kuze kube namuhla. Lokhu kungezwani kubonakala ngokuphazima endleleni uAdamu noEva abafuna ngayo ukusola abanye ngoKuwa (Gen. 3:12, 13). Lezizinto sezibe zimbi kakhulu kusukela lapho.

Funda uGenesis 3:16-19 noGenesisi 4:1-15. Yini kulezizindimana eyembula imiphumela yesono kanye nomthelela waso ekuzwaneni okwakusemhlabeni uNkulunkulu ayewudalile na?

Ukungalaleli kukaAdamu kwaba ngumsuka wezigameko kanye nemiphumela okuthe ngokuhamba kwesikhathi yathinta yonke indalo kaNkulunkulu. Indalo yaqala ukuhlukumezwa yimiphumela yesono. Ubudlelwane besintu nabo bathinteka. U-Cain no-Abel, izelamani okwakumele zinakekelane, zaqhelelana komunye nomunye ngenxa yokuthi omunye wafuna ukulandela ukuthambekela kwakhe okunomhobholo kunokuba alandele lokho okwakubekwe nguNkulunkulu njengendlela yokudumisa. Lokhu kuqhelelana kwaholela odlameni kanye nasekufeni. Indlela u-Cain aphendula ngayo, nokho, yayibhekiswe kakhulu kuNkulunkulu kunaku-Abel. Wayethukuthelele kakhulu uNkulunkulu (Gen. 4:5), futhi lentukuthelo yaholela ekuzondeni u-Abel. Ukungalaleli kwaqhubeka nokuhlukanisa ubudlelwane besintu. "UNkulunkulu wayesebona ukuthi ububi bomuntu basebubukhulu emhlabeni, nokuthi izinhloso zonke kanye nemicabango yenhliziyo yakhe yayimibi ngokungapheli" (Gen. 6:5, NKJV). Lobububi Ekugcineni baholela kuzamcolo kanye nokuchithakala kwendalo yokuqala kaNkulunkulu okwasala ngemuva kukaZamcolo. Kodwa nalapho uNkulunkulu akazange aneke isandla ngesintu kodwa washiya insali, uNowa nomndeni Ngemuva kukaZamcolo, uNkulunkulu wamnikeza isithembiso kuNowa kanye nomndeni wakhe. Uthingo esibhakabhakeni lwaluzobakhumbuza njalo ngokunakekela Kwakhe kanye nezithembiso Zakhe, ngobumnene Bakhe nesihawu (Gen. 9:12-17, Isa. 54:7-10). UNkulunkulu waseka isivumelwano noNowa futhi wabuyisela icebo Lakhe lasekuqaleni lokuba nomndeni wesintu oMunye nothembekile Kuye naseZwini Lakhe.

Yiziphi izindlela isono esiletha ngazo ukungezwani na? Yikuphi ukukhetha ongakwenza njengamanje ukusiza ekubuyiseleni ukuzwana phakathi kwalabo ukukhetha kwakho okungabathinta ngendlela enamandla na?

Okunye Ukungezwani Nokwehlukana

Funda uGenesisi 11:1-9. Yini eyenzeka lapha edlondlobalisa inkinga yokungezwani nokwehlukana na?

Izigameko ezibalulwe yiBhayibheli ngemuva kukaZamcolo ngezokwakhiwa kwenqaba yaseBhabheli, ukudidanisa izilimi, kanye nokuchithwa kwabantu, okuze kube manje babekhuluma ulimi olulodwa. Mhlawumbe behehwe ubuhle bezwe phakathi kwemifula i-Euphrates ne-Tigris, kanye nokuvunda komhlaba, abanye benzalo kaNowa banquma ukuba bazakhele idolobha kanye nombhoshongo ophakeme ezweni lase-Shinar, namuhla okuyi-Iraq eseningizimu (Gen. 11:2).

Ezesayensi yokuphenya ngezasendulo (archaeology) ziveze ukuthi i-Mesopotamia yayiyisifunda esasinabantu abaningi kusukela ezikhathini zokuqala zomlando. Phakathi kwalabantu kwakunama-Sumerian, atuswa ngokusungula ubuchule bokubhala ezibhebheni zobumba. Babakha izindlu ezakhiwe kahle futhi beyizingcweti ekukhiqizeni ubucwebe, izikhali, kanye nezinto zasendlini. Ukumba kuveze amathempeli amaningi amise okwemibhoshongo ayenikelwe konkulunkulu abehlukene. Inzalo kaNowa eyahlala ezweni lase-Shinar yakhohlwa nguNkulunkulu kaNowa kanye nezithembiso ayezenzile zokungaphinde abhubhise izwe ngozamcolo. Ukwakha Umbhoshongo waseBhabheli kwakuyisikhumbuzo sokuhlakanipha kwabo okukhulu kanye namakhono. Inkanuko yabo yokwaziwa, "ukuba sizenzele igama" (Gen. 11:4), kwakuyinhloso yalomsebenzi wokwakha. "Ngokwenhloso kaNkulunkulu, abantu kwakumele balonde ubunye ngesibopho senkolo yeqiniso. Ngenkathi ukukhonza izithombe kanye nokuba nonkulunkulu abaningi kwephula lesisibopho kwezikamoya, abalahlekelwanga nje kuphela ngubunye benkolo kodwa nomoya wobuzalwane. Umsebenzi onjengalombhoshongo, ukulonda ngendlela ebonakalayo ubunye bangaphakathi obabulahlekile, wawungeke uphumelele."—*The SDA Bible Commentary,* vol. 1, pp. 284, 285. Ukuwa kukaAdamu noEva kwaphahlaza ubunye besintu kanye necebo lokuqala likaNkulunkulu. Kwaba nomphumela wokudida mayelana ngokukhonza; ukwanda kobubi kanye nokungaziphathi kahle emhlabeni wonke; futhi Ekugcineni ukwehlukana kwesintu kube namasiko amaningi ahlukene, izilimi ezahlukene, kanye nezizwe osekuvame ukuba zixabane.

Yiziphi izinyathelo eziphathekayo esingazithatha ekuzameni ukwelapha ukwehlukana kwezizwe, amasiko, kanye nezilimi okulimaza nathi ebandleni na?

UAbrahama, Uyise Wabantu BakaNkulunkulu

Izinkolo ezintathu ezinkulu zomhlaba ezikholwa kuNkulunkulu oyedwa, ubuJuda, ubuKristu, kanye nobu-Islam, zibuka uAbrahama njengoyise wazo. KumaKristu, lokhu kuxhumana kungokwezikamoya. Ngenkathi ebizwa ukuba ashiye izwe lakubo e-Mesopotamia, uAbrahama watshelwa ukuthi kuye " 'yonke imindeni yomhlaba iyobusiswa' " (Gen. 12:3, NKJV; buka futhi uGen. 18:18, 22:18). Lesisibusiso seza ngoJesu.

Funda amaHeberu 11:8-19, Roma 4:1-3, noGalathiya 3:29. Yiziphi izinto zokholo lukaAbrahama ezibalulwa yilezizindimana, futhi zihlobene kanjani nomqondo wobunye bobuKristu na? Okungukuthi, yini etholakala kulezizindimana engasisiza namuhla ukuba siqonde isigaba esibucayi sobunye bobuKristu na?

Njengoyise wawo onke amakholwa, uAbrahama usinikeza izakhi ezithile eziyisisekelo sobunye bobuKristu. Esokuqala, wayelalela. "Ngokukholwa u-Abrahama walalela ebizwa ukuba aphume aye endaweni abezakuyamukeliswa ibe yifa lakhe; waphuma engazi lapho eya khona" (Heb. 11:8, NKJV). Okwesibili, wayethembele ezithembisweni zikaNkulunkulu. "Ngokukholwa waba ngumfokazi ezweni lesithembiso kwangathi ngelezizwe, ehlala ematendeni, beno-Isaka noJakobe, beyizindlalifa kanye naye zaleso sithembiso, ngokuba wayebheke umuzi onezisekelo, omakhi nomenzi wawo nguNkulunkulu" (Heb. 11:9, 10, NKJV). Okwesithathu, wayekholwa ukuthi uNkulunkulu uyakumnikeza indodana nokuthi ngelinye ilanga izizukulwane zakhe ziyoba ziningi njengezinkanyezi. Ngenxa yalokhu, uNkulunkulu wamlungisisa ngokukholwa (Roma 4:1-3). Okwesine, wathemba icebo likaNkulunkulu losindiso. Isivivinyo esikhulu kunazo zonke sokholo lukaAbrahama saba ngesikhathi uNkulunkulu emcela ukuba anikele uIsaka Entabeni yaseMoriya (Gen. 22:1-19, Heb. 11:17-19). ITestamente Elidala limchaza uAbrahama njengomngani kaNkulunkulu (2 Kron. 20:7, Isa. 41:8). Impilo yakhe yokholo, ukulalela kwakhe okuqotho, kanye neqholo lakhe ezithembisweni zikaNkulunkulu kumenza abeyisibonelo sokuthi izimpilo zethu zobuKristu kumele zibenjani njengamanje.

Zindla ngezenzo kanye namzwi akho ezinsukwini ezimbalwa ezilandelayo. Ungafuna ngaziphi izindlela ukuqinisekisa ukuthi noma yini oyishoyo noyenzayo iveza iqiniso lokholo lwakho na?

Abantu Abakhethiwe BakaNkulunkulu

Ngokuthi uAbrahama yinceku Yakhe, uNkulunkulu wazikhethela Yena abantu abazommela emhlabeni. Lolubizo kanye nokuqokwa kwakuyisenzo sothando nomusa kaNkulunkulu. Ubizo lukaNkulunkulu kuIsrayeli lwaluhambisana necebo Lakhe lokubuyisela isintu sonke ngemuva kwenhlekele kanye nokungabimunye okwadalwa nguKuwa. Umlando ongcwele uyisifundo somsebenzi kaNkulunkulu wokubuyisela, futhi ingxenye enkulu yalelocebo kwakuyisizwe sesivumelwano sakwaIsrayeli.

NgokukaDuteronomi 7:6-11, Kungani uNkulunkulu abiza uIsrayeli ngabantu Bakhe na? Kungani akhetha isizukulwane sikaAbrahama njengabantu Bakhe na?

Uthando lukaNkulunkulu lwesintu lungumongo wokukhethwa kukaIsrayeli njengabantu Bakhe. UNkulunkulu wenza isivumelwano noAbrahama kanye nesizukulwane sakhe ukuze alonde ulwazi lukaNkulunkulu ngabantu Bakhe futhi alethe nokuhlengwa kwesintu (Hub. 67:2). Kepha, kuyisenzo esikhulu sothando esenza uNkulunkulu aqoke uIsrayeli. Izizukulwane zikaAbrahama zazingenalutho lokuzigqaja ngako ngaloluthando ezingalufanele lukaNkulunkulu. " 'UJehova akanamathelanga kini, kanikhethanga ngokuba nanibaningi kunezinye izizwe, ngokuba naniyingcosana kunezizwe zonke' " (Dut. 7:7, NKJV). Kunguphendukezela okungajwayelekile uNkulunkulu akusebenzisayo lapho eqoka abantu Bakhe. Ngenkathi abantu bebuka amandla, ubuhlakani, kanye nokuzethemba ekukhetheni abaholi, uNkulunkulu akakhethi abanamandla ukuba bamsebenzele kepha labo abanomuzwa wobuthakathaka, nobuze, ukuze kungabiko ozikhukhumezayo phambi Kwakhe (1 Kor. 1:26-31). Nakuba kunjalo, buka ilungelo okwakungelabo: "UNkulunkulu wayefisa ukwenza abantu Bakhe uIsrayeli indumiso kanye nenkazimulo. Onke amathuba kwezikamoya anikezwa bona. Akazange agodle lutho ngakubo uNkulunkulu olwaluvumelena nokwakha isimilo esasizobenza babe ngabameli Bakhe. "Ukulalela kwabo umthetho kaNkulunkulu kwakuzobenza isimangaliso sempumelelo phambi kwezizwe zomhlaba. Wayezobanikeza ukuhlakanipha kanye namakhono kuyo yonke imisebenzi yobuciko futhi aqhubeke nokuba ngumfundisi wabo, futhi abaphakamise ngokulalela imithetho Yakhe. Uma belalela, babeyovikelwa ezifweni ezazihlasela ezinye izizwe, futhi babeyobusiswa ngamandla engqondo. Inkazimulo kaNkulunkulu, ubukhosi Bakhe namandla, kwakuyokwembulwa ekuphumeleleni kwabo. Kwakumele babe ngumbuso wabapristi namakhosana. UNkulunkulu wabahlinzeka ngakho konke kokuba yisona sizwe esikhulu kunazo zonke emhlabeni."—Ellen G. White, *Christ's Object Lessons,* p. 288.

Yikuphi ukuhambisana esingakuthola phakathi kwalokho uNkulunkulu akwenzela uIsrayeli wasendulo, kanye nobizo lwabo, kanye nalokho asenzele kona, kanye nobizo analo ngathi ma-Seventh-day Adventist na? Woza nezimpendulo zakho eklasini ngeSabatha.

Cabanga Kabanzi:

Ellen G. White, "The Creation," pp. 44–51, and "The Call of Abraham," pp. 125–131, in *Patriarchs and Prophets*. Inhloso kaNkulunkulu yasekuqaleni ekudalweni kwesintu ibonakala ekusekweni komndeni (Gen. 2:21-24) kanye nakwiSabatha. ISabatha lalihloselwe isintu sonke, njengalokhu uJesu akubeka ngokusobala kuMarko 2:27, 28. Empeleni, ukusabalala kwalo kubonakala endabeni kaGenesisi, ngenkathi uNkulunkulu ebekela eceleni usuku lwesikhombisa, hhayi kuphela ngaphambi kokuba abize uIsrayeli njengabantu Bakhe besivumelwano kodwa ngaphambi kokuba kungene isono. Lalingamandla amakhulu obunye iSabatha ukube bonke abantu babeligcinile. Kwakuwusuku lokuphumula uNkulunkulu ayehlose ngalo ukukhumbuza izizukulwane zikaAdamu noEva ngokubunye besibopho Kuye kanye nakomunye nomunye. "ISabatha kanye nomndeni ngokufana kwasekwa eEdene, futhi kwinhloso kaNkulunkulu ngeke zahlukaniswa. Ngalolosuku ngaphezu kwazo zonke ezinye, kungenzeka ukuba thina siphile impilo yaseEdene. Kwakuyicebo likaNkulunkulu ukuba amalungu omndeni ahlangane ngomsebenzi kanye nokufunda, ekudumiseni kanye nasekuzithokoziseni, ubaba njengompristi wekhaya lakhe, futhi ubaba nomama njengothisha kanye nezihlobo kubantwana babo."—Ellen G. White, *Child Guidance*, p. 535.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Umbiko kaGenesisi wokudalwa kowesifazane ngohlangothi lukaAdamu lukwembula kanjani ukusondelana kanye nobunye okumele kube khona phakathi kwendoda nomfazi na? Lokhu kusitshelani ngesizathu sokuthi Kungani, kulo lonke iBhayibheli, uNkulunkulu esebenzisa umfanekiso wendoda nomfazi njengesibonelo sokusondelana akufuna kubantu Bakhe na?

2. Nakuba indaba yoMbhoshongo waseBhabheli isitshela ukuthi ukwehlukana ngobuhlanga kanye nangezilimi kwesintu kwakungeyona inhloso yasekuqaleni kaNkulunkulu ngesintu, singadlula kanjani kulokhu kwehlukana namuhla na? Ibandla lingaba kanjani namava obunye nokuzwana nakuba lakhiwe ngabantu bezizwe nezilimi eziningi na?

3. Yikuphi okunye ukuhambisana okutholile phakathi kokubizwa kukaIsrayeli wasendulo kanye nokubizwa kwethu njengama-Seventh-day Adventist na? Okusemqoka kakhulu, zifundo zini esingazifunda kubo okumele zisisize ukuba sithembeke obizweni lwethu olungcwele kuKristu na?

Kafushane: Inhloso yokuqala kaNkulunkulu ngesintu Ekudaleni kwakungeyokuba siphile ngokuzwana kanye nobunye njengomndeni owodwa. Ukungalaleli kwabazali bethu bokuqala kwadala ukuphazamiseka kohlelo lukaNkulunkulu. Kepha, uNkulunkulu wabiza uAbrahama ukusungula isintu ngaso ayegcina isithembiso sokubuyiselwa esitholakala kuphela kuKristu.